

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

S T U D Y

You have Downloaded, yet Another Great  
Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ [www.saexamapers.co.za](http://www.saexamapers.co.za)



SA EXAM  
PAPERS



education

Department:

Education

**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2009**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora amabili nesigamu (2½)**

**Leli phepha linamakhasi ayi-10.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
 

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
 

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminthi angama-30
7. Ungaziguqli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa kubalwa amagama empendulo.
9. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
 

ISIQEPHU A: (Izindaba) <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ubude bendaba</li> </ul> Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.
ISIQEPHU B: (Umbhalo odlulisa imiyalezo) <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ubude bombhalo</li> </ul> Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babbale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.
ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo) <ul style="list-style-type: none"> <li>• Ubude bombhalo</li> </ul> Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babbale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

**ISIQEPHU A****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho.

- 1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko: **Ngabe Kusafanele Yini Ukuthi UHulumeni Aqhubeke Nokukhipha Imali Yokunakekela Izingane.** Indaba yakho ingasekelwa izibonelo. [50]

**NOMA**


- 1.2 Ukonga imali ngokuhlanganyela yikona okukhulisa inzuso ngokushesha. Bhala indaba uveze owakho umbono ngalesi sihloko: **UbuHle Kanye Nobubi Bokonga Imali Ngokuhlanganyela.** [50]

**NOMA**

- 1.3 **Usuku Engingasoze Ngalukhohlwa Neze Empilweni Yami.** Bhala indaba ezoveza konke okwenzeka ngalolo suku. [50]

**NOMA**

- 1.4 Bhala indaba eveza amaquiniso ngalesi sihloko: **Izinto Okumele Uziqaphele Ukuze Ukwazi Ukugcina Abangani.** Endaben i yakh makuvele ukuthi ubhala ngezinto ezingasiza lo muntu okulesi sithombe.

**NOMA**

- 1.5 Umuzi nomuzi kufanele ufuze inju ukuze izigebengu zingakwazi ukungena noma ikanjani ekhaya. Nokho lesi silwane siyaludinga uthando kanye nokunakekelwa. Bhala indaba uchaze ngokubaluleka nangezindlela zokunakekela inju. Nika indaba isihloko esifanele. [50]

**NOMA**

- 1.6 Bukiswa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba isihloko esiyifanele.




[50]

**NOMA**

- 1.7      Bukisia lesi sithombe esilandelayo ubhale ngaso indaba ezohambisana naso. Bhala indaba ezoveza indlela abantu abaziphatha ngayo ngalolu suku emabhishi. Nika indaba isihloko esiyifanele.


*Abantu baseThekwini namaphethelo nabaphuma kwezinye izifundazwe babephume ngobuningi babo ukuzozijabulisa ngosuku lokuqala onyakeni omusha.*



[50]

**NOMA**

- 1.8      Bukisia isithombe esingezansi ubhale indaba ecacisa kahle ngokuhlalisana kweminden. Yinike isihloko indaba yakho.



[50]

**AMAMAKI ESIQEPU A:**    50

**ISIQEPHU B****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 2.1 Ngunyaka wakho wokuqala esikoleni okufundwa kuhlalwe kuso. Ziningi izinto ezenzekayo oqalayo ukuzibona. Bhalela abazali bakho **incwadi** ubazise ngokwenzakalayo kulesi sikole. [30]

**NOMA**

- 2.2 Kunesikhangisi somsebenzi wokuba umabhalane ehhovisi loMnyango weMfundu. Lo msebenzi uwubone ukufanele, ngoba unalo ulwazi lokusebenzisa ikhompyutha. Bhala **umlando wokuzethula (CV)** ozoyithumela kulo Mnyango. [30]

**NOMA**

- 2.3 Esikoleni senu benigubha usuku Iwezithandani (Valentine's Day), uma sekuphume isikole nabuye nahamba nabangani bakho naya endaweni thizeni ukuqhubeke nenjabulo. Lokhu kwenze umngani wakho waphuza ukufika ekhaya wazithola esexabana nomama wakhe. Bhala **ingxoxo** phakathi kukamngani wakho nomama wakhe. [30]

**NOMA**

- 2.4 Ubuhamba ngemoto usuka eThekwini ulibangise eGoli. Endleleni wabona ingozi enyantisa/eshaqisa igazi lapho kushayisane izimoto ezimbili kwalimala abantu. Njengomuntu oyibonile le ngozi eshaqisayo ukusuka nokuhlala, amaphoyisa akucelile ukuba uwanike umbiko ogcwele ngalesi sehlakalo. Bhala **umbiko** womuntu ozibonele mathupha ngalesi sehlakalo sengozi.



[30]

AMAMAKI ESIQEPU B: 30

**ISIQEPHU C****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

- 3.1 Kusanda kuphuma imiphumela yebanga leshumi nambili emaphepheni, ungomunye wabafundi abasebenze kahle kakhulu kuleli banga. Abazali bakho sebethembise ukukwenzela umcimbi wokukubonga. Bhala **ikhadi lesimemo** umeme umngani wakho ebenifunda kanzima nizilungiselela loku kuhlolwa. [20]

**NOMA**

- 3.2 Ungumholi weqembu lokuzithokozisa endaweni yakini, njengoba kuvalwe izikole nithathe isinqumo sokuba nizikhiphe nivakashele eThekwini. Bhala **umyalelo** ozowunika abantu ozohamba nabo. Umyalelo wakho mawuhambisane nesizathu sohambo lwenu. [20]

**NOMA**

- 3.3 Ngonyaka ozayo ufisa ukuyofunda esikoleni okufundwa kuhlalwe kuso eVulindlela High School. Bakuthumelele **ifomu** okumele uligcwaliise ukuze bakwamukele. Gcwalisa ifomu eliku-Annexure A elimayelana neminininingwane yakho kanye nabazali noma umbheki wakho. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C:** 20

**AMAMAKI ESEWONKE:** 100

**ANNEXURE A**

**EXAMINATION NUMBER:** \_\_\_\_\_

**CENTRE NUMBER:** \_\_\_\_\_

**VULINDLELA HIGH SCHOOL**

Isibongo: \_\_\_\_\_

Amagama: \_\_\_\_\_

Usuku Lokuzalwa: \_\_\_\_\_

Izinombolo zikamazisi: \_\_\_\_\_

Ikheli Lasekhaya: \_\_\_\_\_

Ikheli Lokuposa: \_\_\_\_\_

Inombolo yocingo yasekhaya: \_\_\_\_\_

Inombolo yakho kamakhalekhukhwini: \_\_\_\_\_

Igama lesikole ofunda kuso: \_\_\_\_\_

Ibanga olifundayo: \_\_\_\_\_

Ibanga ozolifunda: \_\_\_\_\_

Ikhona ingane yakini noma isihlobo sakho kulesi sikole: \_\_\_\_\_

Igama lengane yakini noma isihlobo: \_\_\_\_\_

Igama likamzali/umbheki: \_\_\_\_\_

Usebenzaphi umzali/umbheki wakho: \_\_\_\_\_

Usebenza msebenzi muni: \_\_\_\_\_

Inombolo yocingo/lukamakhalekhukhwini: \_\_\_\_\_

Inombolo kamazisi kamzali/kambheki: \_\_\_\_\_

Ukusayina komzali/umbheki: \_\_\_\_\_ Usuku: \_\_\_\_\_